

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-18. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
 3. Phendula zonke IZIQEPHU.
 4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
 5. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
 6. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
 7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
 8. Shiya umugqa emva kwempendulo.
 9. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
-

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

Funda indatshana engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngikhathele, usuku lwami belumatasatasa kakhulu namuhla. Ngivuke ngehora lesihlanu ekuseni ngayogijima ibanga elingamakhilomitha amahlanu emgwaqweni wangasekhaya. Uma ngiqale usuku lwami ngokuzivocavoca ngizizwa ngiphapheme futhi ngizizwa ngikhululekile, ikakhulukazi uma sengisesikoleni. Yingakho ngiqala usuku ngokugijima. Ngiyakuthanda ukugijima. Inkinga ngokugijima emgwaqweni wukuthi uma izulu lina akulula ukuphuma ekhaya, ngiye emgwaqweni. Ngakho-ke, uma izulu lina ngizivocavoca egunjini lami lokulala. Ngisebenzisa u-*YouTube* noma u-*TikTok* bese ngilandela imiyalelo yabaqeqeshi balobu buchwepheshe. Ngempelasonto ngithatha ikhefu, angizivocavoci ngoba ngilala isikhathi eside ngize ngivuke ilanga seliphumile. Kwesinye isikhathi siyaphuma nomama siyodla ezitolo zokudla noma sihlale ekhaya sibe **ngovila voco**.

Okungikhathazile namuhla ukuthi emva kokugijima ngiye esikoleni, ngethula inkulumo yami ye-English, ngabhala i-*test* enzima ye-Maths ngase ngifunda isiZulu ne-LO.

Empeleni, uhlelo lwami lwanamuhla luhambe kanje:

05h00–07h00 ekuseni

Ngigijime emgwaqweni wangasekhaya uNdlelanhle Avenue. Emva kwalokho ngageza, ngagqoka iyunifomu yesikole ngase ngidla isidlo sasekuseni esilungiswe ngumama.

07h10–07h20

Ngihambe nge-*uber* ukuya esikoleni ngoba umama uthe une-*online meeting* nabasebenzi benkampani yakhe. Uthe ngeke akwazi ukungihambisa ngoba lo mhlangotho uqala ngo-08h00 ekuseni.

07h45–08h40

Siqale nge-English Home Language. Bekufanele sethule inkulumo elungiselelwe ekilasini ngesihloko esithi: '**Usaziwayo oyisibonelo esihle empilweni yami**'. Ihambe kahle ngoba bengizilungiselele ngokwanele. Uthisha wami uthe ngiyethule kahle, uyaziqhenya ngami. Uphawule ngokuthi naye uyamthanda uSiya Kolisi ngoba uyisibonelo esihle kithina bafundi.

08h45–09h40

Ngibhale isivivinyo se-Maths. Besilukhuni. Lesi yisifundo esingikhathazayo kakhulu. Amamaki ami awamahle. Umama uhlele ukuthi ngithole uthisha ozongifundisa ngedwa ngasese ukuze ngithole usizo futhi amamaki ami abengcono. Uthisha wami we-Maths wathi kufanele ngithole amamaki aphezulu njengoba ngifuna ukufundela ubunjiniyela ngonyaka ozayo.

09h45–10h40

Ekilasini lesiZulu besinezingxoxo zamaqembu. Besikhuluma ngezindikimba ezisendabeni yenoveli esiyifunda kulo nyaka. UMnumzane Mbhele usinike imizuzu engama-20 yokuxoxa nokubhala amaphuzu ethu phansi. Iqembu lami likhethe mina ukuthi ngikhulume ngombono weqembu lethu ngoba bathe iphimbo lami lizwakala kahle uma ngikhuluma.

10h40–11h00

Bekuyisikhathi sekhefu yize besinomhlangano wama-*prefect*. Njalo ngoLwesithathu siba nalo mhlango. Engikuthandayo ukuthi njalo uma sihlalene basilungiselela ukudla okwehla esiphundu. Ngakho-ke, iqembu labaholi babafundi liyakujabulela ukuba kulo mhlango.

11h05–13h05 ntambama

Sifunde ngobungozi bezinkundla zokuxhumana kwi-Life Orientation. Kungithusile ukuthi buningi kangaka ubugebengu ezinkundleni zokuxhumana?

ISayensi asiyifundanga ngoba uthisha wethu ubengekho esikoleni. Bekuwusuku lwakhe lokwethweswa **umyezane** we-Honors BSc eNyuvesi yase-UKZN.

14h00–16h30 emva kokuphuma kwesikole/ kokuphela kwamakilasi

Ngaye ekilasini le-*Debate*. Uthisha wami we-Drama wangikhuthaza ukuthi ngenze i-*Debate* ngoba ngingumfundi onesibindi sokuzikhulumela futhi angibasabi abantu.

Ngesikhathi umama engilanda esikoleni emva kwe-*Debate*, ungibuze ukuthi bekunjani esikoleni, yingakho ngithe ngikhathale. Yize kunjalo, sithole isikhathi esanele sokuxoxa nomama ngoba naye ungixoxele ngomhlangano wakhe abenawo ekuseni.

Umama akayena umuntu oshayela kancane kepha ngenxa ye-*traffic* kulo mgwaqo esihamba kuwona ngibona sengathi le moto ihamba kancane. Inkinga ukuthi nginomsebenzi omningi wesikole, kuzofanele sisheshe sifike ekhaya ngoba ngidinga ukulala okungenani imizuzu engamashumi amathathu bese ngiyavuka ngisebenze.

1.1 Khetha impendulo elungile:

1.1.1 Lolu wuhlelo (losuku olulodwa, lobusuku obubodwa, losuku lwantambama). (1)

1.1.2 Ngokwendaba, umxoxi ukhathazwe (ukuba matasatasa, ukulala ngempelasonto, ukulandela imiyalelo yabaqeqeshi). (1)

1.2 Yiziphi izinkundla zokuxhumana zokuzivocavoca azisebenzisayo ukuzivocavoca uma izulu lina? (1)

1.3 Umxoxi wenza ziphi **izifundo** esikoleni? Bhala ezimbili ngesiZulu. (2)

1.4 Ukuphi umxoxi njengoba exoxa le ndaba futhi unobani? (2)

1.5 Endabeni, **tomula** umusho ofakazela ukuthi umxoxi ungumholi esikoleni. (1)

1.6 Endabeni, thola igama **elinomqondo ofana** naleli: '**ilanga**'. (1)

1.7 **Humusha** la magama ngesiZulu.


1.7.1 test (1)

1.7.2 debate (1)

- 1.8 Usuke echazani umuntu uma ethi: "**ndlelanhle?**" (1)
- 1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma
- 1.9.1 uvila voco. (1)
- 1.9.2 Ukwethweswa umyezane. (1)
- 1.10 Ungumfundi onjani umxoxi? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)
- 1.11 Wena yimuphi usaziwayo oyisibonelo esihle kuwena? Kungani? (2)
- 1.12 Veza izibonelo ezimbili zobungozi bezinkundla zokuxhumana obaziyo. (2)
- [20]**

UMBUZO 2

Bukisisa ufunde ikhathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 2.1 Phendula ngokuthi YIQINISO noma NGAMANGA.
 - 2.1.1 UBen ungumfundi okhuthela. (½)
 - 2.1.2 Lo mfundi usebangeni likamatikuletsheni. (½)
- 2.2 Bangaki abantu kule khathuni? Bhala ngamagama esiZulu. (1)
- 2.3 Yihora lesishiyagalombili manje, uzovuka ngasikhathi sini uma elala manje? Bhala ngesiZulu. (1)
- 2.4 Ufunda kusiphi isifundazwe lo mfundi okwikhathuni? (1)
- 2.5 Kwikhathuni, thola **umqondophika** wala magama.
 - 2.5.1 izitha (1)
 - 2.5.2 ngisuthi (1)
- 2.6 UBen ubukeka enjani? Bhala **amaphuzu amabili**. (2)
- 2.7 Wena ungumngani kaBen, ungathini kuyena? Bhala amaphuzu amabili. (2)

[10]

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBUZO 3**

- Funda le ndatshana bese UYIFINGQA ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela **kweyoku-1** kuya **kweyesi-5** NOMA **amabhulethi**.
- Sebenzisa amagama akho emishweni. UNGABHALI isigaba.
- Bhala kube **yinkulumo mbiko** (reported speech).
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

USUKU LUKAVANILLA

Ngamaholide kaZibandlela uVanilla uthole incwadi yomfundaze evela kwaNguquko *Bursary fund*. Le ncwadi iyisiqiniseko sokuthi abakwaNguquko bazomkhokhela zonke izindleko zasenyuvesi ngoba usebenza kanzima futhi imiphumela yakhe isezingeni eliphezulu. Emva kokuthola incwadi yomfundaze uthole umyalezo kumakhalekhukhwini othi: "Siyakwamukela eNyuvesi yaKwaZulu-Natali, kufanele ufike lapha mhla zingama-24 kuMasingana 2023." Ngakho-ke, uVanilla ujabule kakhulu namhlanje. Wusuku lwakhe lokuqala enyuvesi, ikakhulukazi esifundazweni saKwaZulu-Natali.

Umalume kaVanilla nguyena ohambisa umshana wakhe enyuvesi ngemoto. Bafike esangweni elikhulu nelinendawo ebhalwe ukuthi: '*entrance*' kwesobunxele nelinye isango esandleni sokudla elibhalwe ukuthi: '*exit*'. Leli sango elihlukaniswe kabili lingenela ngasemgwaqweni u-Varsity Avenue. UVanilla aqale ashaywe uvalo, umangele ngoba uyaqala ukufika kulesi sifundazwe. Indawo yakwaZulu-Natali uvamise ukuyibona kumabonakude noma emaphephandabeni. Inyuvesi yakhona inkulu kakhulu. Njengoba imoto ihamba iqhubeka nje uyacabanga. "Amabhilidi enyuvesi kanti makhulu kanje?" Kusenjalo aqale abuze: "Malume, nawe wafunda lapha? Isikole esikhulu kangaka?" Umalume aphenyule ngokuthi: "Yebo mshana, uzofunda okuningi lapha. Ngicela uzimisele ngomsebenzi wakho wesikole kusukela ekuqaleni konyaka. Ngiyazi ukuthi uzophuma usungusonhlalakahle omkhulu futhi ohlakaniphile. Ngiyakwethemba, uyezwa mshana?" Amthokozise amazwi kamalume uVanilla futhi azibone enekusasa eliqhakaze ukudlula bonke abangani bakhe abefunda nabo.

UVanilla ukhulele edolobhaneni elincane eNelspruit, eMpumalanga. Ufunde amabanga aphansi emfundo eNelspruit Preparatory School waqhubekela eNelspruit College efunda khona waze waqeda umatikuletsheni. UVanilla wakhuliswa ngugogo wakhe nomalume ngoba abazali bakhe bashona esanda kuzalwa. Ithuba lokuthi afunde kule nyuvesi ulithole ngoba usebenze kanzima ukuze aphumelele. Nomalume wakhe wayithola lapha imiyezane yakhe yemfundo.

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu abasendabeni nokuhlobana kwabo.
- Indawo nokubukeka kwayo/ isikhathi lapho indaba yenzeka khona.
- Isizathu sokuba kule ndawo.
- Imvelaphi yabantu abasendabeni.
- Imizwa kaVanilla noma isimo akusona.

UKWABIWA KWAMAMAKI

| | | |
|-------------------------|---|-----|
| Inggikithi: | Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo. | (5) |
| Ulimi: | Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha. | (2) |
| Amagama omfundi: | Umfundi usebenzise amazwi akhe. | (1) |
| Amaphuzu: | Izinombolo noma amabhulethi. | (1) |
| Inani: | Amagama esephelele angama-50 kuya kwangama-60 futhi abhaliwe. | (1) |

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO

Sebenzisa lezi zinkondlo ukuphendula imibuzo elandelayo.

UMBUZO 4**Inkondlo A – Efundwe ekilasini**

- | | |
|----|--|
| 1 | Woza s'thandwa sami, |
| 2 | Sihlale ngaphansi kwesihlahla somnduze. |
| 3 | Woza s'thandwa senhliziyo yami. |
| 4 | Nqampuna nanku umnduze ungondle. |
| 5 | Kuthi nxashana usuwushutheka emlonyeni kimi, |
| 6 | Bese kuthi cosololo, |
| 7 | Nenhliziyo isho igubhe kuhle kwamagagasi anamandla. |
| 8 | Umqondo wami usuyazulazula namehlo kawasaboni, |
| 9 | sekunofasimbe kimi. |
| 10 | Hawu! Ngiyakuthanda mntanomuntu. |
| 11 | Asihlale, sigobe amadlangala ngaphansi kwalesi sihlahla somnduze, |
| 12 | Sakhe isikanekiso sothando lwethu. |
| 13 | Sengiphelele lapha kuwe s'thandwa sami, |
| 14 | Sengikheheleke amadolo- asiyelule le mini, |
| 15 | Sihlale sibuke amafu amhlophe namnyama. |
| 16 | Kula mafu ngibona isithunzi sakho nesami. |
| 17 | Asisale sesihamba silifulathele leli lakithi, siduke nezwe. |
| 18 | Phinda unqampune nanku umnduze, |
| 19 | Ugijimise imizwa yami. |
| 20 | Khuluma kimi, ngihlebele sithandwa sami, |
| 21 | Ngitshela themba lami ukuthi uyangithanda; |
| 22 | Ngiyawabona amehlo akho asephenduke ibhola lomlilo, |
| 23 | Ngiyasizwa isilokozane nesibibithwane sakho, |
| 24 | Nezinyembezi zilokhu zigeleza njengezimpophoma, |
| 25 | Sezize zaba ngamathantala. |
| 26 | Dlana nanku umnduze s'thandwa sami, |
| 27 | Sondela kimi ngange. |

- 4.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)
- 4.2 Emgqeni 17, imbongi ifuna baye kuphi? Bhala igama lendawo. (1)
- 4.3 Bhala izinhlobo ze**zinzwa** ezilandelayo.
- 4.3.1 sibuke amafu (15). (1)
- 4.3.2 ngihlebele (20). (1)

- 4.4 Esitanzeni sokuqala.
- 4.4.1 Caphuna igama **eliyisenzukuthi**. (1)
- 4.4.2 Imbongi isebenzise lesi senzukuthi ukubonisa muphi umuzwa? (1)
- 4.5 Esitanzeni sesibili, thola igama elisho amanzi amaningi. (1)
- 4.6 Imbongi yayikusiphi isimo ngenkathi ibhala le nkondlo? (1)
- [8]**

UMBUZO 5**Inkondlo B – Efundwe ekilasini****NGIYOKHOHLWA NGIFILE – Bongani Mavuso**

(kuSphesihle Mavuso owadlula emhlabeni mhlaka-17 April 2001)

- 1 Ngazibona ngawe ukuthi ngiyindoda ndodakazi yami,
- 2 Kanti angibuzanga elangeni mntanami;
- 3 Ingxavula enonya yasesibhedlela eTembisa,
- 4 **Izokuholela ophathe** ngehora leshumi besanda kungithembisa
- 5 Odokotela ukuthi zizowuphonsa umbalane bathembisa.

- 6 Kazi lapho ongilinde khona kunjani?
- 7 Amanzi okuphila kwaphakade aphuzwa ngabanjani?
- 8 Ngitshengise esibonakalisweni ukuthi usungakanani ntomb' enhle,
- 9 Ze ngizobonga nginconoze kuMdali ngobuhle,
- 10 Akunika bona ngesihle UMUHLE.

- 11 Kuphila, izimpophoma zomphefumulo kaNyembezi,
- 12 Zafana nechilo ekujuleni kwenhliziyo kababa wakho.

- 13 Ngiyokukhohlwa ngifile kufa,
- 14 **Wangenza isilo sengubo** ngiphila;
- 15 Izindonga zomndeni kaNgwane zabhacekwa ngokufa,
- 16 Kwaqhuma insini ezitheni ezingajabuli lapho siphila.
- 17 Akusenani kuzonqotshwa ukufa.

- 5.1 Ihlobene kanjani imbongi nomufi? (1)
- 5.2 Bhala inyanga uSphesihle ashona ngayo ngesiZulu. (1)
- 5.3 Bhala uhlobo lwesifengqo nesibonelo estanzeni sokuqala. (2)
- 5.4 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Kungani usho njalo? (2)
- 5.5 Chaza ukuthi zisho ukuthini lezi zimo zokukhuluma ngesiZulu.
 - 5.5.1 Izokuholela ophathe. (1)
 - 5.5.2 Wangenza isilo sengubo. (1)

[8]

UMBUZO 6**Inkondlo C – Efundwe ekilasini****NGIKHATHELE NGIDINIWE**

Ngikhathele ngidiniwe,
Ameblo ami agcwele ubhici,
Ngenxa yesici,
Esibhacekwe emzimbeni wami ngidiniwe.

...

- 6.1 Veza umqondo wale nkondlo ngokubhala amaphuzu amabili. (2)
- 6.2 Phawula ngalokhu enkondlweni:
- 6.2.1 Umyalezo wale nkondlo. (1)
- 6.2.2 Indikimba yenkondlo. (1)
- [4]**

UMBUZO 7**Inkondlo D – Engafundwanga ekilasini****UMBELE WENGCIHABUCHOPHO – Bongani Mavuso**

- 1 Msinsi wokuzimilela kwelikaMthaniya,
 2 Kleza kulo mbele wengcithabuchopho,
 3 Kunonophale amathambo engqondo;
 4 **Mazibhubhe izigagayi zobuwula.**
- 5 Nzalo yesalukazi esinsundu,
 6 Ncinda odengezini lwesimilo,
 7 Ukhwife inzika yombeke wenhlakanipho;
 8 **Mazibhubhe izigagayi zobuwula.**
- 9 Umfundi ongancelanga kulo mbele,
 10 Udidekile uyadidizela adiyazele,
 11 Njengethongo elagqitshwa lixhafuze imvubelo;
 12 **Mazibhubhe izigagayi zobuwula.**
- 13 Sihlahla solwazi, hluma uhlumele izizukulwane,
 14 Kuchitheke intelezi yokungazi,
 15 Echelwa wukhokhovu olumakhovula aluhlazana kwelakithi;
 16 **Mazibhubhe izigagayi zobuwula.**
- 17 Zomile izindebe zamasakabuli,
 18 Zomele ubisi lobuhlakani;
 19 Nank' umbele wensengwakazi yobuhlakani, ncelani!
 20 **Mazibhubhe izigagayi zobuwula.**

7.1 Gcwalisa lo musho.

Imigqa yale nkondlo ivalekile ngoba kukhona _____ ekugcineni kwemigqa. (1)

7.2 7.2.1 Imigqa ethi: "Mazibhubhe izigagayi zobuwula" ibizwa ngani? (1)

7.2.2 Kungani iphindaphindiwe le migqa eku 7.2.1? (1)

7.3 Estanzeni sesithathu, thola uhlobo nesibonelo semvumelwano. (2)

7.4 Hlobo luni lwefanamsindo lolu olugqamile emgqeni 10? (1)

- 7.5 Esitanzeni sesibili, thola **igama** elisho owesifazane osemdala/ ogugile. (1)
- 7.6 Sinjani isigqi sale nkondlo? Kungani sisho njalo? (2)
- 7.7 Phawula ngezitanza zale nkondlo. (1)

[10]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI NOHLELO**UMBUZO 8**

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



- 8.1 Lungisa amagama akubakaki ukuze kuzwakale kahle.
 Ngizohlala 8.1.1 (-dwa) ngoba ngisaba 8.1.2 (-khumula) isifonyo 8.1.3 (-mi). (3)
- 8.2 **"Ngiyalisaba igciwane."** Qala lo musho njengoba ukhonjisiwe.
 8.2.1 Le ntombazane ... (1)
 8.2.2 Udadewethu uthi ... (1)
- 8.3 **Phikisa** imisho elandelayo. Ungabhali umqondophika.
 8.3.1 Nalesi sifonyo siyashisa bo! (1)
 8.3.2 Uzobona kahle ngezibuko zakhe. (1)
 8.3.3 Yisifonyo lesi. (1)
- 8.4 Lungisa imisho elandelayo ngokubhala **ubunini bento/ ongumnini.**
Bhala impendulo kuphela.
 8.4.1 Indebe (yena) wayiwina ngonyaka odlule. (1)
 8.4.2 Uhlezi edeskini (uthisha). (1)

[10]

UMBUZO 9

Sebenzisa isithombe ukuphendula imibuzo elandelayo.



- 9.1 **Bhala ondaweni esikhundleni samagama abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.**
- 9.1.1 **(Izingane)** zabo kukhona engaphathekile kahle. (1)
- 9.1.2 Basendleleni eya **(ugogo)**. (1)
- 9.1.3 Sekunesikhathi bemile **(umgwaqo)**. (1)
- 9.2 **Bhala isabizwana soqobo esikhundleni samabizo agqamile. Bhala impendulo kuphela**
- 9.2.1 **Ubaba** ukhuluma nonkosikazi wakhe. (1)
- 9.2.2 Ugogo ulalele **umsakazo**. (1)
- 9.3 **Nciphisa amagama alandelayo.**
- 9.3.1 Umfana (1)
- 9.3.2 Amasondo (1)
- 9.3.3 Indlela (1)

9.4 Qala ngegama elidwetshelwe ukuveza impambosi efanele.

9.4.1 Abazali bashayela imoto encane. (1½)

9.4.2 Intombazane iphethe umakhalekhukhwini. (1½)

[11]

UMBUZO 10

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo ezolandela.



10.1 Bhala **ubulili** obuphikisana nalobu.

10.1.1 ndodana (1)

10.1.2 nkosikazi (1)

10.2 Bhala **izifinyezo** esikhundleni samagama agqamile. Bhala impendulo kuphela.

10.2.1 Angikholwa ukuthi ngizele **udokotela**. (1)

10.2.2 **UNkosikazi** Smith ujabule kakhulu. (1)

10.3 Sebenzisa izitatimende ezilandelayo ukubuza imibuzo. Izimpendulo zemibuzo yakho kufanele zibe ngamagama agqamile. **Khumbula ukubhala uphawu lokubuza.**

10.3.1 Ubaba ukhuluma **nendodana yakhe** ebusuku. (1)

10.3.2 Ubaba ukhuluma nendodana yakhe **ebusuku**. (1)

10.4 Bhala umusho olandelayo ngokusebenzisa isihlanganiso esikubakaki. **Bhala umusho ophelele.**

Ubaba wakhe uphuza ikhofi. Ubaba usezolala. **(yize)** (1)

10.5 Sebenzisa amagama alandelayo ukwakha imisho enemiqondo ehlukeni. **Ungabhali umusho okwikhathuni.**

10.5.1 kholwa (1)

10.5.2 khohlwa (1)

[9]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100